

# IZIFUNDO ZOKUSIMAMISA EZEMVELO NO-DKT ELSA LEE

## AMAPHUZU ENKULUMO

**UKUZWISISA**

1. Ungakuchaza kanjani ukuba isakhamuzi somhlaba, phecelezi 'global citizen'?
2. Yini eyenza idlanzana labantu liyithole inzima indima yokuba i-global citizen?
3. Ngabe izinhlangano ezisebenza no Dkt Lee ziyivuselela kanjani imigudu yamanzi yasendaweni?

**APPLICATION/UKWENZA**

4. Imiphi imibuzo ongafisa ukuyibuza ama-volontiya emphakathini wakho ukuthola ukuthi bazobona njengama-global citizens yini njengoba bengama-volontiya?
5. Ungabagqugquzela kanjani abantu emphakathini wakho ukuthi bagqugquzele ushintsho emhlabeni jikelele ngabakwenza emiphakathini yabo?

**UKUHLAZIYA**

6. Izenzo zakho zingabathinta kanjani abanye abantu emhlabeni, ngedlela enhle noma engeyinhle?
7. Ikuphi okufanayo phakathi kwalemisebenzi yokuvuselela imizila yamanzi u-Elsa asebenza nayo, makukhulunywa ngezingqinamba okuhlangatshezwana nazo, izisombululo ezizanywayo kanye nimibono yezinhlangano?

**UKUHLOLA**

8. Ngaphandle kokwehluka kwezindawo, yiziphi izinkinga ezibhekene nemigudu yamanzi ocabanga ukuthi ziyefana la eNingizimu Afrika naseNgilande?
9. Ngabe ngokucabanga kwakho abanye abantu banomthwalo wokuthi babe ngama-global citizens ukwedlula abanye? Yini indaba ucabanga noma ungacabangi kanjalo?
10. Uyakholelwa ekutheni umhlaba lapho khona wonke umuntu enza futhi ezibona njenge global citizen yiphupho elingafezeka? Yini indaba ucabanga kanjalo noma ungacabangi kanjalo?
11. Wena ngabe uzibona njenge global citizen? Kungani usho lokho?

**UBUHLAKANI/UKUCIKOZA**

12. Ungaluklama okanye ungaluhlongoza kanjani uhlelo emuphakathini wakho ulungenza abantu bembandakanyekile ekubeni emalunga omphakathi womhlaba jikelele?

## IMISEBENZI ENINGAYENZA EKHAYA NOMA ESIKOLENI EKILASINI

Hlela umsebenzi weqembu (nabafundi ofunda nabo, abangani, umndeni noma omakhelwane) ukuze wenze izinguquko ezinhle endaweni yangakini, njengokucosha udoti noma ukutshala indawo enezimbali zasendle zezinambuzane. Izenzo zakho ziyithuthukisa kanjani indawo yangakini? Ingabe ukunikela kwakho okuncane kusiza kanjani ukubhekana nezinkinga zomhlaba? Ingabe uzizwa unomuzwa wokuba isakhamuzi sasekhaya kanye/noma somhlaba wonke ngenxa yomsebenzi wakho?

Ungakuchaza kanjani ukubaluleka kokubamba iqhaza kumaphrojekthi omphakathi ukuze ube nomthelela ushintsho lomhlaba ezithamelini ezincane? Yakha iphepha lokwazisa/iphosta ezoboniswa endaweni yangakini eyinhloko isikole ukuthuthukisa ubuzwe bomhlaba.

Cwaninga amaphrojekthi wendawo wokusimamisa imvelo endaweni yangakini. Alwenza kanjani ushintsho oluhle esikalini sasekhaya nesomhlaba? Phenya ukuthi abantu abathintekayo ngalawa maphrojekthi bagxila kakhulu emiphumeleni yasendaweni noma yomhlaba wonke yezenzo zabo.

## EZINYE IZINSIZA

Buka lawa mavidiyo mayelana namaphrojekthi okuvuselela umzila wamanzi:

- Isekelwa yi-DUCT, i-Enviro Champs abantu abasha abathanda imvelo, iNingizimu Afrika: **www.youtube.com/watch?v=3DoA1hTaUDw**
- Maningi amaphrojekthi okuthuthukisa imvelo aqhutshwa ngasemfuleni uMngeni, eNingizimu Afrika: **www.youtube.com/watch?v=qj-rkCJxziU&t=316s**
- Ukuguqula isikhungo sedolobha elisemanzini saseMaidenhead ngokuphendula izindlela zamanzi ezingasebenzi zibe izindawo zomphakathi, UK: **www.youtube.com/watch?v=oRph-Xx5lhA**
- Intombazane eneminyaka engu-22 ubudala isuse amathani emfucuza angu-3,800 ogwini lwase-Mumbai, e-India: **www.youtube.com/watch?v=xAcM-Z4MWSM**
- Ukuhlanza imifula yaseSão Paulo, eBrazil: **www.youtube.com/watch?v=t4w0tU-58Ro**